

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

isiZulu/English

| Edition 1 July 2016

President's visit brings hope



President Jacob Zuma spends time with residents of Kwaggafontein in Mpumalanga during a recent visit to the area.

Chris Bathembu

President Jacob Zuma's recent visit to Kwaggafontein in Mpumalanga has left residents hopeful that the visit will change their lives for the better.

The small Mpumalanga town, located in the Thembisile Hani Local Municipality in the Nkangala District, is the latest to be visited by President Zuma as part of the recent Siyahlola Presidential Monitoring tour.

Siyahlola is a programme that allows the President to interact directly with communities and monitor government's performance.

Speaking to *Vuk'uzenzele*, locals were specific about the issues they want to discuss with the President. Top of their list was the scarcity

of water followed by unemployment and issues related to housing.

"The Siyahlola programme is designed to allow the President to come and see for himself what is happening on the ground. My visit here follows

"Our visit today is a step to promote the performance of municipalities. We are happy to visit a municipality that had faced enormous problems which is now improving."

an earlier visit I paid to Marabastad in Pretoria where people pleaded with me that I come and visit Kwaggafontein," President Zuma said.

He told the gathering of more than 1 000 people that local government is a very important sphere of government as it is the one closest to people.

"Our visit today is a step to promote the performance of municipalities. We are happy to visit a municipality that had faced enormous problems which is now improving," he said.

President Zuma also con-

gratulated the provincial government for eradicating the bucket system by 98 percent over the past year. He also indicated that the Department of Transport was to rehabilitate the notoriously dangerous Moloto Road.

"A decision has been taken and construction will begin in September and the work

will be in stages with the first critical 25 kilometres set to receive priority."

In his response to some of the issues raised by community members, President Zuma said government had taken note of the high unemployment rate in the area and that it had been trying to mitigate the problem through the Community Work Programme (CPW). CPW provides work opportunities for more than 1 000 people in the area twice a week.

To deal with water shortages in Kwaggafontein, President Zuma said, among other interventions, a new water reservoir and pipeline would be built in nearby KwaMhlanga.

The President also handed over keys to refurbished houses to several beneficiaries in the local township. ▣



Nelson Mandela Bay has big plans

Page 5



Transnet launches training programmes

Page 8

NSFAS application system

Page 9



@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za
 E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za
 Tel: (+27) 12 473 0179

Free Copy

Ukulawulwa kwemibhede ngezobuchwepheshe

Albert Pule

UMnyango Wezempilo waseGauteng wethule uHlelo Lokulawulwa Kwemibhede Ngezobuchwepheshe (i-eBMS) ukuze kuncishiswe isikhathi soku-

IPHUZU ELISEMQOKA

Ukugcinwa kolwazi kumaseva akwenye indawo aziwa njengokusebenzisa ezobuchwepheshe, kuwuhlobo lokusebenzisa i-inthanethi ngekompuyutha okunikeza ukwabelana ngezinsiza-kusebenza kanye neminingwane kumakhompuyutha kanye neminye imishini yezobuchwepheshe noma nini uma umuntu efuna ukulusebenzisa.

linda imibhede.

UNgqongqoshe Wesifundazwe Wezempilo uQedani Mahlangu wathi i-eBMS ingenye yezinhlelo zomnyango zokwenza ngcono ukuhlinzekwa kosizo lwezempilo ngezobuchwepheshe.

Ngokusebenzisa i-eBMS, ezinye zezibhedlela – njengalezo eziku-Steve Biko Academic Cluster – sezinciphise izikhathi zokulinda kweziguli okungenani ngamahora amabili.

I-Steve Biko Academic Cluster ibandakanya izibhedlela ezilandelayo, Tembisa, Tshwane District, Kalafong, Mamelodi kanye ne-Pretoria West.

Izibhedlela zaseGauteng zisiza iziguli ezibalelwa ezigidini ezingama-27.7 njalo ngonyaka kanti futhi zivamise ukushodelwa nayimibhede.

Ukuze kubhekwane nalesi simo, umnyango uqalise uhlelo lokulinga i-eBMS e-Steve Biko Academic Hospital ekuqaleni kwalo nyaka. Ngenxa yokuphumelela kwayo izoqaliswa kuzo zonke izibhedlela ezingaphansi kwe-Steve Biko Academic Cluster.

Abasebenzi kanye nabaphathi



Izibhedlela zaseGauteng zisiza okungenani iziguli eziyizigidi ezingama-27.7 njalo ngonyaka.

“Ezinye izibhedlela sezinciphise izikhathi zokulinda zeziguli okungenani ngamahora amabili.”

besibhedlela bayincomile impelela i-eBMS. Manje sebeyakwazi ukubona imibhede engenazo iziguli kulo lonke leli qoqwana lezibhedlela ukuze bakwazi ukuthumela iziguli lapho kunezikhala khona.

Ubuchwepheshe besimanjemanje balolu hlelo benza ulwazi lutholakale nge-inthanethi kumakhompuyutha

noma komakhalekhukhwini kanye namathebhulethi.

Ngolwazi lwe-eBMS abasebenzi basesibhedlela bayakwazi ukwenza izinqumo zesikhathi esifushane kanye nezinqumo zesikhathi eside. Ezinye izibhedlela sezinciphise izikhathi zokulinda futhi zahlomula ngokusebenzisa kangcono amawodi kanye nabasebenzi.

Ukuze lukwazi ukuhlela kahle imisebenzi yalo, uPhiko Lwezimo Eziphuthumayo lwaseGauteng nalo luzosebenzisa lolu hlelo ukuthwala iziguli eziya esibhedlela.

Isibhedlela saseKalafong,

e-Atteridgeville, entshonalanga yePitoli, siyingxenywe yeqoqwana lezibhedlela zasePitoli.

“Abaphathi basebenzisa i-eBMS ukuthatha izinqumo zokwaba kabusha imibhede yamawodi,” kusho uDkt Khin Htwe, ongumphathi wophiko lwezokwelapha eSibhedlela saseKalafong, futhi wengeza ngokuthi eminye imibhede isithuthelwe emawodini athe ukuthula kancane, isuswa kulawo ahlala ematasatasa njalo.

“Njengoba isibhedlela saseKalafong sesisebenzise lolu hlelo kusukela ekuqaleni kukaMasingana, izikhathi zokulinda sezinciphe ngamahora amabili ewodini labalimele,” kusho yena. Wabuye wengeza ngokuthi lolu hlelo lusenze ngcono isimo soku-sebenza ngokusobala kanye nokunakekelwa kweziguli kwiqoqwana lezibhedlela lonkana.

UNgqongqoshe Wesifundazwe uMahlangu uthe ulindele ukuba lolu hlelo lube selu-setshenziswa ngokugcwele eGauteng yonkana ekupheleni kowezi-2016. **V**

Sisebenzela ukuba kungafi ngisho noyedwa umfana

UHulumeni usemshikashikeni woku-nqanda ukulahleka kwezempilo zabasokwa, abayingxenywe yenqubo yosikompi lokudlulela ebudodeni.

UNgqongqoshe Wezokubusa Ngokubambisana Nezindaba Zendabuko u-Des van Rooyen wathi abazali kufanele ba-

kuphela izikole zokusoka ezisemthethweni.

“Ukuphepha kwamabhungu ethu nabafana akuwona umsebenzi kahulumeni nje kuphela kodwa ngumsebenzi womphakathi wonke.”

“Izikole eziwukhathalelayo umsebenzi wazo ngeke neze zamukele nanoma yimuphi umfana ngaphandle kwe-mvume yabazali bakhe kanti futhi zisebenza kuphela ngokwemigomo nemihlahlandlela kahulumeni yezempilo,” kusho uNgqongqoshe ngesikhathi kwethulwa uMkhankaso Wokusebenzela Ukuba Kungafi Ngisho Noyedwa Umfana, esikhathini esifushane esedlule.

UMkhankaso womnyango Wokusebenzela Ukuba Kungafi Ngisho Noyedwa Umfana wethuliwe ezikoleni zokusoka, njengoba sesivele siqalile isikhathi sokusoka sasebusika.

UNgqongqoshe u-Van Rooyen wathi balinganise-

lwa kwabayi-101 abasokwa abalahlekelwa yizimpilo zabo ngesikhathi sokusoka sasebusika nesasehlobo ngonyaka wezi-2015. Izehlakalo eziningi

“Ngeke neze sikwazi ukusonga izandla zethu ekubeni abasokwa abasebancane beqhubeka nokufa noma bekhubazeka unomphela.”

zenzeka eMpumalanga Kapa.

“Ngeke neze sikwazi ukuba sisonge izandla zethu kube abasokwa abancane beqhubeka nokufa noma bekhubazeka unomphela,” kwengeza yena.

UNgqongqoshe wathi umnyango uzoqhubeka nokusebenzisana neQoqwana Leminyango Yezobulungiswa ukuqinisekisa ukuthi kubhekwana nabo ngqo labo abathumba amabhungu asemancane kanye nalabo abavula izikole zokusoka ngokungekho emthethweni futhi ngenhloso

Uma ungenasiqiniseko sokuthi isikole sokusoka sisemthethweni yini, xhumana nomholi wendabuko endaweni yangakini, noma ufonele le nombolo ukuze uthole okunye ukucaciselwa 0800 111166

Kwenzekani esikoleni sokusoka esisemthethweni?

- Ukuxilongwa kwabasokwa ngumhlengikazi obhalisiwe noma umnakekeli wezempilo.
- Ukuvakasha kwabazali kanye

nabadala usuku lonke.

- Ukuhlinzekwa ngamanzi, uma kunesidingo.
- Ukuphuthunyiswa esibhedlela ngokushesha.
- Ukuhlukunyezwa ngokomzimba akukho emthethweni futhi akuvumelekile. Noma ngabe ubani otholakala ehlukumeza abasokwa uyoboshwa futhi ashushiswe.
- Izidakamizwa azivumelekile esikoleni sokusoka.



UNgqongqoshe Wezokubusa Ngokubambisana Nezindaba Zendabuko u-Des van Rooyen.

qinisekise ukuthi abathandiweyo babo babuyela emakhaya bephephile ngokusebenzisa

yokuzenzela ibhizinisi.

“Ngeke sivumele [isimo] lapho abantu abangaqeqeshiwe kahle futhi abangenalwazi baxhaphaza abasokwa futhi babaphathe ngendlela engenabo ubuntu, okuholela ekufeni kwabasokwa,” kusho uNgqongqoshe u-Van Rooyen.

Yikuphi okumele ukwazi Esikoleni sokusoka kufanele kube nalokhu:

1. Imvume yabazali

2. Ukuxilongwa komfana ngudokotela oqokiwe ngaphambi kokuba asokwe.

3. Umfana kufanele abhaliswe kwiziphathimandla ezifanele (umholi wendabuko, umasipala, uhulumeni wesifundazwe). **V**

Bika zonke izenzo ezingekho emthethweni esiteshini samaphoyisa esiseduzane noma ushayele ku-10111.

Abakwa-Transnet bethula izinhlelo zokuqeqesha

Albert Pule

Uma ungumfundi waseNingizimu Afrika owenza iBanga le-12 onemiphumela emihle kakhulu esifundweni sezibalo kanye nesayensi, abakwa-Transnet bayakudinga.

Le nkampani kahulumeni yethule umkhankaso wemifundaze ohlinzeka ngemifundaze engaphezu kwe-170 kanye nohlelo lokuqeqesha abacubunguli bamabhuku ezimali (ama-chartered accountants).

Okhulumela abakwa-Transnet uMboniso Sigonyela wathi bagxile kakhulu emakhonweni ayindlala kwezobunjiniyela kanye nezokucutshungulwa kwamabhuku ezimali ukuze kuqiniseke isisekelo samakhono sakwa-Transnet.

Abakwa-Transnet sebebeke eceleni imali eyizigidigidi ezingu-7.6 zamarandi ezosetshenziswa kule minyaka eyi-10 ezayo ukuthuthukisa amakhono kanye nokuhlinzeka ngemifundaze, njengengxenye yohlelo lokutshalwa kwezimali lwengqalasizinda oluqhubekayo lwezigidigidi ezingama-380 zamarandi. Cishe imali eyizigidigidi ezingu-1.2 zamarandi kulesi samba izosetshenziselwa



Abakwa-Transnet sebebeke eceleni imali eyizigidigidi ezingu-7.6 zamarandi ezosetshenziswa kule minyaka eyi-10 ezayo ukuthuthukisa amakhono.

ukuhlinzeka ngemifundaze.

Imifundaze ngeyokufundela iziqu ze-Bachelor of Engineering noma i-Bachelor of Science in Engineering ngokugcwele kunoma iyiphi iNyuvesi yaseNingizimu Afrika ezifundweni ze:

- civil engineering
- electrical engineering (heavy current)
- electronic engineering
- mechanical engineering
- industrial engineering and metallurgy engineering

(physical).

“Umfundaze uzokhokhela ngokugcwele zonke izindleko, kufaka phakathi imali yokufunda, indawo yokuhlala kanye nokudla, imali yokuthenga izincwadi, ikhompuyutha (kukusukela onyakeni wesibili, uma idingeka), kanye nokuqeqeshelwa emsebenzini,” kusho u-Sigonyela.

Ngonyaka owedlule, abakwa-Transnet bahlinzeke ngemifundaze kubafundi abangaphezu kwe-150. Kusu-

kela ngenkathi bethula uhlelo lwabo lwemifundaze ngonyaka we-1994, abakwa-Transnet sebexhase abafundi abayizi-3 288.

Abakwa-Transnet bahlinzeka futhi nangohlelo lokuqeqeshelwa emsebenzini kubafundi abaneSitifiketi se-Theory of Accounting (CTA) noma i-Bachelor of Accounting Sciences in Financial Accounting (BCompt (Hons)) noma okulingana nako.

Uhlelo lakwa-Transnet lokuqeqesha abacubunguli bamabhuku ezimali lugunyazwe yi-South African Institute of Chartered Accountants futhi luhlinzeka ngethuba lokufundela umsebenzi ngokuzenzela wona ngezakho izandla kanye nokulungiselela ukuhlolwa okulawulwa yibhodi.

Lolu hlelo lufaka phakathi ukuqeqeshwa okubanzi kwezokuphathwa kwezimali, ukuthathwa kwezinqumo ngezokuphatha, ukucutshungulwa kwamabhuku ezimali, ukucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi kanye nomsebenzi wokuphathwa nokulawulwa kahle kwenkampani, ukucwaningwa kwamabhuku ezimali kanye nokuqinisekisa kanye nezentela.

Lokhu futhi kufaka phakathi namakhono obungcweti, njengamakhono ezokuxhu-

Izidingo Zemifundaze Eziyisisekelo
Abafundi beBanga le-12 abanemiphumela emihle kakhulu esifundweni sezibalo kanye nesayensi.

UHlelo Lokuqeqesha Abacubunguli Bamabhuku Ezimali

Izidingo eziyisisekelo zokungena kulolu hlelo yiSitifiketi se-Theory of Accounting (CTA) noma i-BCompt (Hons)/unyaka wokugcina. Abafundi abenza unyaka wokugcina kwi-CTA njengamanje nabo bafanele kile ukufaka izicelo. Ukufakwa kwezicelo kuvulwa futhi kuvalwe ngoNtulikazi njalo ngonyaka.

Labo abanesifiso netshisekelo banga-vakashela ikhasi lezemisebenzi lakwa-Transnet ku-www.transnet.net ukuze bathole ulwazi oluthe xaxa.

mana, amakhono aphaathelene nengqondo ehluzekile, awomuntu uqobo, kanye nawokuhlala kanye nokuphatha. **■**

Labo abanesifiso netshisekelo bangavakashela ikhasi lezemisebenzi lakwa-Transnet ku-www.transnet.net ukuze bathole ulwazi oluthe xaxa.

Nkuri village gets a new library

Albert Pule

Norah Ngoveni of Nkuri village in Giyani, Limpopo, dreamt of having a community library.

She wrote to Deputy President Cyril Ramaphosa to request a library to meet her community's need for easier access to information and resources.

In response the Department of Arts and Culture handed over a modular library (in a prefabricated building) to the village of Nkuri at the start of June.

Students and community members no longer have to travel 21 kilometres to get

information for their studies, assignments and research.

The modular library is a short-term solution. The construction of a brick and mortar library will start soon.

Deputy Minister of Arts and Culture, Rejoice Mabudafhasi, said the library would serve schools and the community of Nkuri and surrounding villages.

“This modular library belongs to you. Use it, become literate and read together as families. Let us make reading part of our daily lives and let every one of us share a book with a colleague, family, friends and neighbours as a way of enhancing social cohesion,”

she said during the handover ceremony.

The Deputy Minister advised parents to read to their children daily from an early age.

“The heritage you will pass on to the children by reading to them will last forever.”

Grant for libraries

Government has shown its commitment to promoting a culture of reading, through the Community Library Conditional Grant.

The grant aims to better the library sector by improving infrastructure, purchasing library materials, giving free access to the Internet, providing services to the visually

impaired and establishing toy libraries, among others.

Since the grant's inception, 81 new libraries have been built, 343 libraries upgraded and more than 1 400 jobs have been created.

Deputy Minister Mabudafhasi said her department wanted the grant to make libraries the information hubs of each community.

“Our libraries have free access to Internet and updated library materials. This brings equality by making it possible for a library user in a rural area to access the same information as a user in an urban area.”

In 2016/17, the department will build 23 new libraries

FAST FACT



Through the Community Library Conditional Grant 81 new libraries have been built, 343 libraries upgraded and more than 1 400 jobs have been created.

and upgrade 55 existing library structures. **■**

Izicelo zemihlaba ezenziwe zaba lula

Albert Pule

Ngasekuqaleni konyaka wezi-2015, uMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nezinguquko Kwezomhlaba wethule ngokusemthethweni ihhovisi lase-Freyistata lokufaka izicelo zomhlaba elingumahamba nendlwana.

Amahhovisi ezicelo zomhlaba angomahamba nendlwana ayingxenywe yoHlelo lukahulumeni lokuBuyiselwa koMhlaba Kubanikazi Bawo.

Uhlelo lwezicelo zomhlaba lunikeza abantu abasuswa ngendluzula emhlabeni wabo ngaphansi kobandlululo ithuba lokufaka izicelo zokubuyiselwa umhlaba.

Kusukela kwethulwa lolu hlelo ngokusemthethweni, uhulumeni ngokusebenzisa iHhovisi likaKhomishana Omkhulu Wezicelo



Unethuba kuze kube ngumhla zingama-30 kuNhlanguvana 2019 ukuba ufake izicelo.

Zomhlaba kanye neminyango yezifundazwe yezokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya ehluahlukene usegququzele

abantu ukuba bafake izicelo.

Ngenhloso yokunisekisa ukukhuphuka kwenani lemiphakathi efake izicelo zokubuyiselwa umhlaba, amahhovisi okufaka izicelo angomahamba nendlwana azohamba ezweni lonke ukuze amukele izicelo, ngaphezu kwamanye amahhovisi okufaka izicelo asebenza ngokugcwele ayi-14 asefizfundazweni zonke eziyisishiyagalolunye.

Amahhovisi angomahamba nendlwana ayizithuthi ezilungiswe ngokukhethekile ezifakwe ubuchwepheshe bokwamukela izicelo zomhlaba endaweni ezikuyo.

Amabhasi amane kanye namaloli amabili adonsa ngawo omane amasondo futhi akwazi nokuhamba endaweni

embi azofakwa emiphakathini ehlonziwe eminyakeni emine ezayo kuze kube ngumhla zingama-30 kuNhlanguvana 2019. **V**

Amahhovisi angomahamba nendlwana eMpumalanga Kapa

Kusukela ngoMbaso, amahhovisi okufaka izicelo angomahamba nendlwana kade ehla enyuka eMpumalanga Kapa. Nansi ngezansi imininingwane yezinsuku ezisasele, izindawo kanye nezikhathi lapho ihhovisi lizovakashela khona imiphakathi ehluahlukene esifundazweni sonkana:

Usuku: Mhla zizi-04 kuNtulikazi kuya kumhla zi-05 kuNtulikazi 2016

Idolobha: Bethelsdorp
Indawo: West End Hall
Isikhathi: 09h00 – 17h00
Umuntu ongaxhumana naye: Nandipha Sondati
Inombolo kamakhalekhukhwini: 072 611 3990
Umuntu ongaxhumana naye: Bongani Letlaka
Inombolo kamakhalekhukhwini: 071 287 3622

Usuku: Mhla ziyisi-06 kuNtulikazi kuya kumhla ziyisi-08 kuNtulikazi 2016

Idolobha: Motherwell
Indawo: Raymond Mhlaba Sport Centre
Isikhathi: 09h00 – 17h00
Umuntu ongaxhumana naye: Nandipha Sondati
Inombolo kamakhalekhukhwini: 072 611 3990
Umuntu ongaxhumana naye: Bongani Letlaka
Inombolo kamakhalekhukhwini: 071 287 3622

Usuku: Mhla ziyi-11 kuNtulikazi kuya kumhla ziyi-12 kuNtu-

likazi 2016

Idolobha: Libode I
Indawo: Libode Municipality Hall
Isikhathi: 09h00 – 17h00
Umuntu ongaxhumana naye: Nandipha Sondati
Inombolo kamakhalekhukhwini: 072 611 3990
Umuntu ongaxhumana naye: Bongani Letlaka
Inombolo kamakhalekhukhwini: 071 287 3622

Usuku: Mhla ziyi-14 kuNtulikazi kuya kumhla ziyi-15 kuNtulikazi 2016

Idolobha: Port St John's
Indawo: Port St John's Town Hall
Isikhathi: 09h00 – 17h00
Umuntu ongaxhumana naye: Nandipha Sondati
Inombolo kamakhalekhukhwini: 072 611 3990
Umuntu ongaxhumana naye: Bongani Letlaka
Inombolo kamakhalekhukhwini: 071 287 3622

Usuku: Mhla ziyi-18 kuNtulikazi kuya kumhla ziyi-19 kuNtulikazi 2016

Idolobha: Lusikisiki
Indawo: Lusikisiki

Police Station

Isikhathi: 09h00 – 17h00
Umuntu ongaxhumana naye: Nandipha Sondati
Inombolo kamakhalekhukhwini: 072 611 3990
Umuntu ongaxhumana naye: Bongani Letlaka
Inombolo kamakhalekhukhwini: 071 287 3622

Usuku: Mhla zingama-20 kuNtulikazi kuya kumhla zingama-22 kuNtulikazi 2016

Idolobha: Flagstaff
Indawo: Flagstaff Bargain Wholesaler
Isikhathi: 09h00 – 17h00
Umuntu ongaxhumana naye: Nandipha Sondati
Inombolo kamakhalekhukhwini: 072 611 3990
Umuntu ongaxhumana naye: Bongani Letlaka
Inombolo kamakhalekhukhwini: 071 287 3622

Usuku: Mhla zingama-25 kuNtulikazi kuya kumhla zingama-26 kuNtulikazi 2016

Idolobha: Mbizana
Indawo: Mbizana Rank

opposite Spar

Isikhathi: 09h00 – 17h00
Umuntu ongaxhumana naye: Nandipha Sondati
Inombolo kamakhalekhukhwini: 072 611 3990
Umuntu ongaxhumana naye: Bongani Letlaka
Inombolo kamakhalekhukhwini: 071 287 3622

Usuku: Mhla zingama-27 kuNtulikazi kuya kumhla zingama-28 kuNtulikazi 2016

Idolobha: Matatiele
Indawo: Matatiele Town Hall
Isikhathi: 09h00 – 17h00
Umuntu ongaxhumana naye: Nandipha Sondati
Inombolo kamakhalekhukhwini: 072 611 3990
Umuntu ongaxhumana naye: Bongani Letlaka
Inombolo kamakhalekhukhwini: 071 287 3622
Kusukela mhla zingama-29 kuNtulikazi 2016, amahhovisi angomahamba nendlwana azodlulela Kwa-Zulu Natali.

Siyini isicelo somhlaba?

Isicelo somhlaba yisicelo esibhalwe phansi ezenziwe ngumuntu owadlwe umhlaba, noma isizukulwane somnikazi womhlaba, abalawuli befa noma umphakathi ofuna ukubuyiselwa umhlaba.

Ubani ongafaka isicelo somhlaba?

Umuntu noma umphakathi owadlwe umhlaba ngemuva komhla ziyi-13 kuNhlanguvana 1913 ngenxa yemithetho yobuhlanga yakudala, kanye nalabo abangazange bathole ukunxeshezela ngendlela efanelekile ngenkathi bephucwa umhlaba wabo.

Ubani ongavumelekile ukufaka isicelo?

Labo abafaka izicelo phambilini base bethola umhlaba noma isinxephezelo semali abavumelekile ukuphinda futhi bafake izicelo zomhlaba wabo owabalahlekela.

Uma ufake isicelo phambilini kodwa ungakanxeshezela, qinisekisa kuqala ukuthi ihhovisi lesifundazwe alinaso yini isicelo sakho sokuqala ngaphambi kuba ufake kabusha isicelo sakho.

Ungasifaki isicelo esisha uma isicelo sakho osifake phambilini sisacutshungulwa. Akukho emthethweni ukufakwa kwesicelo esihambisana nomkhonyovu wokuthi ungabavezi abanye abantu abasuswa kulowo mhlaba owufakela isicelo.

Yiluphi ulwazi oludingekayo?

- Imininingwane echaza umhlaba, isib. igama lepulazi, inombolo yesiza noma yesitende uma kusendaweni yasedolobheni
- Unyaka okwathathwa ngawo umhlaba
- Isinxephezelo esakhokhwa ngaleso sikhathi
- Imininingwane yomuntu owalahlekelwa wumhlaba
- Imininingwane yomfaki-sicelo kanye nesikhundla sakhe, isib. ngumuntu omele umphakathi, indodana, umabi wefa, njalonjalo
- Umlando wokuphucwa umhlaba.

Sifakwa kanjani isicelo?

Izicelo kufanele zifakwe ehovisi lokufaka izicelo elikhethiwe, kwifomu elimisiwe, elizofakwa kwikhompuyutha ngesikhathi sokufaka isicelo.

Amafomu ngeke asatshalaliswe. Kufanele uvakashele ihhovisi lokufaka izicelo.

Unethuba kuze kube ngumhla zingama-30 kuNhlanguvana 2019 ukuba ufake isicelo. Amahhovisi okufaka izicelo angomahamba nendlwana azovakashela izifunda ngesikhathi sokufaka izicelo.

Indlela yokulandelela

Ungashaya ucingo kwinombolo yamahhala ethi-0800 007 095 noma uxhume nehhovisi lesifundazwe ukuze uthole ulwazi olumayelana nenqubekelaphambili yesicelo sakho.